

# UHLELO LWEMININGWANE YEKHASIMENDE (OLWALUBIZWA NGOKUBHALISA OKUKODWA)

## Yini Entsha?

### 20 kuNhlanguvana 2016 - Ukuhlanguvana okuzozenzekela kwamaphrofayili entela

Kusukela mhla zingama-20 kuNhlanguvana 2016, abakwa-SARS bazobe beqondanisa behlanguvana amaphrofayili akho entela, amarekhodi entela yempahla engenayo nephumayo nentela eqoqiwe kube yiphrofayili eyodwa ngokwemininingwane yakho ebhalisiwe kumarekhodi akho akhona entela, intela yempahla engenayo nephumayo nentela eqoqiwe, [funda kabanzi](#).

## Luyini uHlelo lweMininingwane yeKhasimende?

Uhlelo lweMininingwane yeKhasimende lwaka-SARS lwaqala ukusebenza ngonyaka wezi-2014 futhi lunika abakhokhintela nabamele abakhokhintela ababhalisiwe ithuba lokubhalisa, bagcine futhi babone wonke amaphrofayili abhalisiwe amayelana nentela kanye nokubhaliswa kwentela engenayo nephumayo kuphrofayili eyodwa ehlanganisiwe. Ngakubakhokhintela, uma ungakabhalisi kulezi zintela ezisohlwini kuzodingeka ukuthi uye egatsheni uyoqinisekisa imininingwane yokuthi nguwe uqobo, ikheli kanjalo neyasebhange. Konke okunye ukubhaliswa okumayelana nentela kungenziwa nge-eFiling ngaphandle kokuthi uye egatsheni futhi.

## Yini ezofakwa oHlelweni lweMininingwane yeKhasimende?

Uhlelo lweMininingwane yeKhasimende luvumela ukubhaliswa kanye nokugcina lezi zintela ezilandelayo zemali Engenayo kanye nezempahla engenayo nephumayo:

- Intela yeMali Engenayo yeNkampani (CIT), iziMali eziSisiwe (TR)
- Intela yeMali Engenayo (kubandakanya neNtela yesiKhashana (yaphakathi nonyaka))
- Izintela zabaSebenzi- Pay-As-You-Earn (PAYE), iLevi yokuThuthukiswa kwamaKhono (SDL) kanye nesikhwama soMshwalense wokungaSebenzi (UIF )
- Intela yeNtelantengo/i-VAT (i-VAT namafutha)
- Intela yempahla engenayo nephumayo kanye neqoqiwe.

## Lusiza ngani uHlelo lweMininingwane yeKhasimende?

Abakhokhintela/abamele abakhokhintela manje sebezokwazi ukwenza lokhu:

- Ukubona zonke izinhlobo zentela ezibhalisiwe endaweni eyodwa ezihlanganise zonke.
- Ukwengamela yonke imininingwane eqondene nabo endaweni eyodwa ku-eFiling noma [egatsheni lakwa-SARS](#).
- Ukubhalisela ezinye izintela (CIT, PAYE, VAT ngaphandle kweNtela yempahla engenayo nephumayo kanye neqoqiwe) ku-eFiling inqobo nje uma sebebhalise okungenani intela eyodwa ku-eFiling.
- Kulabo abaqalayo, abakhokhintela noma izinhlangano zezomthetho, ezifana neziNkampani kanjalo nezikhwama zeziMali eziSisiwe, bazoxhunyaniswa nalowo obamele obhalisiwe ohlelweni lwaka-SARS. [Ngolwazi olwengeziwe sicela ucofe lapha](#).

## Lusebenza kanjani?

- **Abakhokhintela abaqalayo:**

**Isu Elihamba phambili:** Qinisekisa ukuthi awuve usubhalisile vele, ngokuthi uqale ngokuhlola ngokushayela isikhungo sokuXhumana sakwa-SARS kule nombolo 0800 00 7277.

Uma ubhalisile njengomkhokhintela omusha, udinga ukwenza lokhu:

- Ukuya [egatsheni lakwa-SARS](#) eliseduze nawe
- Ugcwalise ifomu elifanele lokubhalisa intela:
  - [Intela yempahla engenayo nephumayo kanye neqoqiwe-DA185 kanye nokujobelelayo](#)

- [Abaqashi – EMP101e](#)
- [Intela yeMali Engenayo yeziNkampani – IT77C](#)
- [INtela yeMali Engenayo yeziMali eziSisiwe – IT77TR](#)
- [Abathengisi - VAT101](#)

**Sicela uqaphele ukuthi 'ifomu lokubhalisa i-IT77 labantu' layekwa ukusetshenziswa kanti manje indlela yokubhalisa sekuwukuvakashela [igatsha lakwa-SARS](#) lapho uzothola khona usizo kumsebenzi ozokubhalisa ohlelweni lwethu.**

**Qaphela:** Izinkampani ezibhaliswe ku-CIPC akudingeki ukuthi zibhalise eceleni iNtela yakwa-SARS yeNtela yeMali Engenayo, ngoba inkampani yakho izozibhaliselela ngokwayo ngohlelo lwekhompyutha lokusebenza ngqo ne-CIPC.

**Isu Elihamba phambili:** Ukugcwalisa ifomu elifanele akuseyona impoqo kodwa kungalekelela i-ejenti yegatsha ngokufaka kukhompyutha imininingwane yakho ebhalisiwe uma uye khona. Qinisekisa ukuthi uphethe [izinto ezifanele \(amadokhumenti esekelayo\)](#).

Uzobhaliswa bese iphrofayeli yakho isungulwa ngaso lesi sikhathi, inqobo uma lungekho ulwazi olungaqinisekisiwe.

Uma usubhalisile uzobe usuthola umayalezo nge-imeyili noma uposelwe isaziso ukuqinisekisa ukuthi usubhaliswe futhi kuluphi uhlobo lwentela.

Ukubhalisa i-VAT kungase kudingi ukuthi kube nenhlolovo eba khona.

- **Abakhokhintela abangaqali:**

Uma ungumkhokhintela ongaqali:

- ungangena ku-[eFiling](#) uma ubhalisile ekufakeni nge-eFiling, bese ugcwalisa ifomu lokuBhalisa, ukuChibiyela kanye nokuQinisekisa (RAV01) lapho ungafaka khona isicelo sezinye izintela uphinde ufake ulwazi lwakamuva ngemininingwane ebhalisiwe ngaphandle kweGama kanye ne-ID/igama eliBhalisiwe kanye nenombolo okubhaliswe ngayo inkampani kanjalo nohlobo lwenkampani. [Cofa lapha](#) ukuze uthole [isiqondiso sokuthi ungaligcwalisa kanjani ifomu i-RAV01](#).
- uma udinga ukufaka ulwazi lwakamuva kule mininingwane kuzomele uye egatsheni eliseduze nawe lakwa-SARS. Khumbula [izinto ezifanele \(amadokhumenti esekelayo\)](#) ezidingekayo.
- Noma uvakashele [igatsha lakwa-SARS](#) eliseduze nawe uma kukhona ezinye izintela odinga ukuzibhalisa noma ufuna ukuchibiyela imininingwane yakho ebhalisiwe.

**Ngingabhalisa noma ngiyishintshe kuphi imininingwane?**

Kuzoya ngokuthi yini ofuna ukuyenza, lokhu ongakhethe kukho kuzotholakala:

	I want to:				
	Register as a first time taxpayer	Update my registered details	Activate my registered representative	Add new taxes and/or non-registered representatives to my profile	Enquire about my details
SARS branch					
eFiling		 Excluding Name and ID/Registered name, Company Registration number & Nature of Entity			
Registration of employees by Employers					
SARS Contact Centre					
Post					

#### Isu Elihamba phambili:

- Abamele abakhokhintela ababhalisile kumele baye [egatsheni lakwa-SARS](#) kuqala, ukuze babhalise ubudlelwane babo namakhasimende abo ohlelweni lwaka-SARS. [Ngolwazi olwengeziwe, cofa lapha.](#)
- Ngabe udinga ukuhlanganisa zonke izinhlobo zentela zibe yiphrofayili eyodwa? [Bheka ulwazi olwengeziwe.](#)

#### Izinto ezimbalwa okumele uziqaphele:

- Ukubhalisa noma ukufaka imininingwane yakamuva angeke kusemukeleka uma kuthunyelwa ngeposi, ibhokisi lezincwadi ezingenayo lakwa-SARS, ifeksi noma nge-imeyili.
- Abaqashi bangababhalisa abaqashwa ngokulandela inqubo yokuBhalisa iNtela yeMali Engenayo (ITREG). Abaqashwa bangabhalisa nge-eFiling, ngokusebenzisa e@syFile™ uMqashi noma uye egatsheni lakwa-SARS. Ngolwazi olwengeziwe bheka isiqondiso [sokuBhalisa sabaqashwa seNtela yeMali Engenayo.](#)

#### Ubani ongenza ini?

Kuzoya ngokuthi udlala yiphi indima noma unaliphi igunya, uzokwazi ukwenza lokhu okulandelayo:

If I am a:	I want to:						Merge all types of tax on eFiling
	Register for the first time as a taxpayer at a branch	Register for additional tax, customs or excise products at a branch	Update my identity number or registration number at branch	Update bank details at branch	Update my address, contact details, representative details via branch or eFiling	Enquire about details via branch or eFiling	
Individual							
Tax Practitioner on behalf of a client							
Representative on behalf of a Business/Company							
Representative on behalf of a Trader							
Representative on behalf of a Trust							
Representative on behalf of an Estate							

**Sicela uqaphele:** Umuntu Osebenza ngeNtela ongabhalisiwe uzovumeleka ukwenza izinto ezimbalwa kuphela.

### Nazi ezinye izinto ezimbalwa okumele uziqaphele:

- **Igunya elisebenza kanye** - lisebenza kanjani? Ezimweni ezingavamile ezifana namakhasimende angasakwazi ukusebenza, umuntu angaqokwa ukuba enze izinto kanye kuphela egameni lomkhokhintela. Umuntu oqokwe kumele [abe negunya lokwenza lokhu](#) elisayindiwe njalo uma ezofaka isicelo sokusizwa njalo uma eya egatsheni.

**Isu Elihamba phambili:** Umuntu ozokwenza izinto egameni lomkhokhintela kumele kube ukuthi ubhalisiwe njengenhlangano kwa-SARS kodwa hhayi ukuthi abhalisele uhlobo lwentela.

Onegunya lokufaka isicelo angenza izinguquko eminingwaneni yasebhangwe kuphela ezimweni ezingavamile.

Izimo ezingavamile ngaphansi kwaka-SARS zivumela ukuthi isicelo sokwenza izinguquko eminingwaneni yasebhangwe zenziwe ngumuntu ongeyena umnikazi we-akhawunti kodwa onegunya lokwenzela umkhokhintela noma obunye ubufakazi (obufana nencwadi emgunyazayo) yilezi:

- Uma kukhona impahla;
  - Lapho umkhokhintela engakwazi ukusebenza / enokugula okungalapheki;
  - Lapho umkhokhintela engesona isakhamuzi (umfuduki, owaxoshwa kwelakubo, owakwelinye izwe noma isakhamuzi saseNingizimu Afrika ongaphandle kweRiphabhulikhi okwesikhashana);
  - Lapho umkhokhintela eboshiwe;
  - Lapho kuqokwe umphatheli ukuba enze izinto egameni lomuntu kanye/noma isikhwama semali esisiwe esihlulekile ukukhokha izikweletu;
  - Lapho umkhokhintela esemncane;
  - I-akhawuthu ehlanganisile (i-akhawunti yomlingane);
  - Imali engaphansi komkhawulo wemali ebanjelwa intela/engabambeki intela; kanye
  - Nalapho ibanga lomkhokhintela lokusuka egatsheni lakwa-SARS lingaphezulu kwamakhilomitha angama-200. Ukuze ubheke ibanga lokuya egatsheni eliseduze nawe sicela [ucofe lapha](#).
- Kulaba ababhalisa okokuqala, abasebenza ngentela bangakwenza uma behamba nomkhokhintela.

- Ukwenziwa ngcono kwakamuva kwabasebenza ngentela nabamele abakhokhintela ababhalisiwe ku-eFiling, [funda kabanzi lapha](#).
- Ngolwazi olwengeziwe ngezinombolo zabasebenza ngentela abasha, [funda kabanzi lapha](#).
- Abasebenza ngeNtela ababhalisiwe kuzodingeka ukuba baveze igunya lokwenza lokhu elisayindiwe njalo uma beya egatsheni, kanti iphrofayili yamanje ku-eFiling angeke ishintshe.
- Ngabe oSebenza ngeNtela omsebenzisayo uBhalisiwe? Sicela ukhumbule ukuthi bonke abaSebenza ngeNtela kumele babhaliswe kubhodi elilawulayo elaziwayo (CRB) kanjalo nakwa-SARS. [Thola ukuthi oSebenza ngeNtela omsebenzisayo ubhalisile yini](#).
- Uma abaSebenza ngeNtela beshayela isikhungo sokuXhumana sakwa-SARS, kumele kube ukuthi sekukhona ukuxhumana ku-eFiling phakathi koSebenza ngeNtela namakhasimende abo kungenjalo isikhungo sokuXhumana angeke sikwazi ukusiza, [funda kabanzi](#).

## **Ngabe udinga usizo?**

Shayela isikhungo sokuXhumana sakwa-SARS kule nombolo 0800 00 7277 noma uvakashele [igatsha lakwa-SARS](#) eliseduze nawe. Qinisekisa ukuthi uya uphethe [amadokhumenti afanele](#).